# *Q*INISEKA *N*GO*N*KULUNKULU

Futhi Kufundeka kanje.

*UElija waseThishibi, owayengo . . .* gogobeleyo *kwaGileyadi, wathi kuAhabi, Kuphila kweNkosi uNkulunkulu kalsrayeli, engimi phambi kwakhe, akuyikubakhomazolo namvula kuleminyaka* emithathu, *kuphela ngesiyalezo sezwi lami.*

*Izwi le Nkosi lafika kuye, lathi,*

*Suka lapha, uye ngasempumalanga, ucashe ngasemfudlaneni iKeriti—Keriti,* (Bengiqonde ukusho njalo) *ongaphambi kweJordani.*

*Kuyakuthi, uphuze emfudlaneni; ngiyalile amagwababa ukuba akondle . . .*

*Wahamba wenza njengezwi leNkosi: ngokuba wahamba wahlala ngasemfudlaneni iKeriti, ongaphambi kweJordani.*

*Amagwababa amlethela isinkwa nenyama ekuseni, nesinkwa nenyama kusihlwa; waphuza emfudlaneni.*

*Kwathi ekupheleni kwezinsuku, umfudlana washa, ngokuba yayingekho imvula ezweni.*

*Kwase kuflka izwi leNkosi kuye, lathi,*

Vuka, futhi *uye eZarefati, elingeleZidoni, uhlale khona: bheka, ngiyalile lapho umfelokazi ukuba akondle.*

*Wayesesuka waya eZarefati. Esefikile esangweni lomuzi, bheka, umfelokazi wayecakasha izinkuni khona: wambiza, wathi, Ake ungilethele, ngiyakucela, ingcosana yamanzi esitsheni, ngiphuze.*

*Esasuka ukuwalanda, wambiza, wathi, Ake ungilethele, ngiyakucela, nocezu lwesinkwa esandleni sakho.*

*Kepha wathi, Kuphila kweNkosi uNkulunkulu wakho, anginalo neqebelengwane, kukhona kuphela ukhweshe lwempuphu embizeni, nengcosana yamafutha ophisweni: futhi, bheka, ngicakasha izinkuni ezimbili, ukuze ngingene ngizilungiselele khona nokwendodana yami, ukuba sikudle, sife.*

*Wayesethi uElija kuye, Ungesabi; hamba wenze njengokusho kwakho: kepha ngenzele mina kuqala iqebelengwane elincane ngakho, ulilethe kimi, andukuba uzilungiselele wena . . . ndodana yakho.*

> *Ngokuba isho kanje iNKOSI uNkulunkulu kaIsrayeli, Uthi imbiza yempuphu ayikuphela, nophiso lwamafutha aluyikuswela, kuze kufike lolosuku iNKOSI enisa ngalo imvula emhlabeni.*
>
> *Wayesehamba* engena *wenza njengokusho kuka*Elisha*: kwadla yena, naye, kanye nendlu yakhe, izinsuku eziningi.*
>
> *Imbiza yempuphu ayiphelanga, nophiso lwamafutha aluswelanga, njengezwi leNkosi e*lakhulunywa *ngoElija.*

Okwenkulumo yakulokhu ukusa, ngaphambi nje kokuya phesheya kwezilwandle, ngikhethe indikimba, yalokhu: *Qiniseka NgoNkulunkulu.*

2 Futhi manje, Nkosi, busisa iZwi laKho lapho Liphuma, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathumba izingqondo zethu nemicabango yethu, futhi asilungiselele ukusihambela kwaKhe, njengoba siMcelile ukuba afike. Ngokuba asizi endlini yeNkosi ukuba sibonwe, noma sibone, kodwa ukuba sifunde ngaWe, nokuba sazi ngemvelo yaKho, nendlela yaKho, nezizathu zaKho, ukuze sikwazi ukubhekana nezinkinga zokuphila, nesiqiniseko sangempela, siqinisekile ngoNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

3 Kufanele ukuthi kwakusekuseni okwesabekayo. Kwakushisa kakhulu futhi kunezintuli, nabantu wayesemgwaqeni, bebulawa yindlala, nomhlaba wawushisa kakhulu wawusulungele ukusha. Konke lokhu kwakungukubоniswa kwezono zabo nokubola kwabo kokuziphatha.

4 Niyabo, uAhabi wayebusa kwa—kwaIsrayeli, ngesikhathi, noma phezu kukaIsrayeli, futhi wayemubi ukwedlula onke amakhosi akwaIsrayeli. Kwakukade kungekho-nkosi embi njengoAhabi, ngokuba yena, efundisiwe futhi wayazi kangcono, akehlulekanga ukuba aqhubeke nokungamthokozisi uNkulunkulu kuyoyonke into ayenza. Nakuba wayenenqubo enkulu yezombutho, nabantu base bephumelele kakhulu phansi kokubusa kwakhe, kodwa, nokho, ungeke wangamthokozisi uNkulunkulu bese ulindela ukuthi uzedlulele isikhathi eside kakhulu.

5 Kwase kuthi-ke, emshadweni wakhe, esikhundleni sokuganwa phakathi kwabantu bakubo uqobo, wawela wase eganwa yisoni, okhonza izithixo, ukukhonza izithixo. Waganwa nguJezebeli. Futhi wayengesilo ikholwa.

6 Futhi akukho-kholwa elifanele like lize liganwe ngongakholwayo, kungabi ngaphansi kwanoma yimiphi imininigwane. Nifanele njalo niganwe abakholwayo.

7 Kodwa uAhabi wayenze lento embi. Futhi akungabazeki kepha ukuthi uJezebeli wayengowesifazane omuhle. Futhi wayekhangwe yilokho ayebukeka eyikho, esikhundleni salokho ayeyikho. Yilokho abantu abaningi kakhulu, benza lelophutha elifanayo, kuze kube ngalolusuku.

8 Futhi wayengenise ukukhonzwa kwezithixo esizweni, phakathi kwabantu. Nabantu, abapristi, abefundisi babo, base bebambeke kulokhu ukufunwa ngukuthandwa ngabantu okukhulu.

9 Futhi kuyiso impela isithombe sezwe lakithi namhlanje. Siwele phansi kokufunwayo okuthandwa ngabantu. Akungabazeki ukuthi abapristi bacabanga ukuthi kwakuzolunga, inqobo nje uma uhulumeni wabo wayethe okeyi kukho. Kodwa angikhathali ukuthi uhulumeni uthi okeyi kukuphi, kuzofanele kube yilokho uNkulunkulu athi okeyi kukho. Nabantu bacabanga ukuthi kwakuzolunga uma bebe ngongqa-phambili kwezinye zezinto zabo zezwe.

10 Nomunye angahle angicele ukuba ke ngiphindele kulokho engisanda kukusho nje, ukuthi kwakuyisithombe esinokwenzeka impela sanamhlanje. Singahle singacabangi ukuthi singabakhonza izithixo, kodwa siyibo. Nohulumeni uyakuvumela. Abantu namhlanje bangabakhonza izithixo, ngoba ba—bakhonza izithixo. Abanye babo bakhonza izingcweti zamabhayisikobho, zibe yizithixo. Abanye bakhonza imali, ibe yizithixo. Nabanye bakhonza izingcweti zetelevishini, njengezithixo. Kodwa konke okubeka kube phambi kukaNkulunkulu kuyisithixo, makube noma kungaba yini.

11 Ngisho nakuSathane, isitha sethu esikhulu, ungosmati impela, uze ngisho abeke, ngezinye izikhathi, ibandla libe ngaphambi kukaNkulunkulu. Ungahle ube nebandla elikhulu. Kungaba yisakhiwo esikhulu, noma kungaba yihlelo elikhulu. Kanti, futhi, kungaba yinhlangano yebandla enkulu, kodwa makungafiki lutho lube ngaphambi kukaNkulunkulu, enhliziyweni yakho. Noma yini, futhi ephambi kukaNkulunkulu, iyisithixo.

12 Nalababantu babazi ukuthi wayengekho emoyeni njengoba babevamise ukuba njalo, phansi kokubusa kwamanye amakhosi. Futhi bacabanga ukuthi, ngoba nje babeyisizwe senkolo, ukuthi yonke into yayizolunga. Futhi yileyondlela esesifike ngayo kuleyondawo nathi.

13 Ezinyangeni ezithize ezedlule ngangikhuluma nomngane wami okahle kabi. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi uxozomela leUnited States ngokusondele kakhulu.” Wathi, “Uhlala njalo ubhonga ngesono nokuthi uNkulunkulu uzosijezisa kanjani lesisizwe.”

14 Ngathi, “Ufanele akwenze, ukuze abe ngonobulungiswa.”

Wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, uyakhohlwa ukuthi lesisizwe sasungulwa phezu kwemiBhalo. Nokhokho bethu bafika lapha, noNkulunkulu wasinika lelifa. Futhi siyisizwe senkolo."

15 Ngathi, "Yiqiniso lelo, konke okwakho. Futhi akukho-muntu owaziyo ukuthi ngisithokozela kanjani lesisizwe! Kodwa, buka, mfowethu, ulsrayeli naye wayekhethwe nguNkulunkulu, futhi Wamthumelela abaprofethi namadoda adumile. Kodwa uNkulunkulu ngeke asimela isono. Wenza ulsrayeli avune zonke izinhlamvu abazitshalayo. Futhi uma Enza ulsrayeli avune lokho ayekutshalile, Uzosenza sivune lokho esikutshalayo. Akabheki buso bamuntu."

16 Futhi sesifike endaweni ukuba sicabange ukuthi ngoba siphumule phezu kwalokho okwenziwa ngokhokho bethu, noma phezu kwalokho abasunguli bethu abakhulu bamabandla ethu, lokho ukuzinikela kwabo okukhulu okwakuyikho kuNkulunkulu, okulungile futhi kuthokozeleka kakhulu, kodwa singeke sadonsa insindiso kulokho abakwenzayo! Insindiso wudaba lomuntu ngamunye phakathi kwawo wonke umuntu noNkulunkulu. Hhayi phezu kwesizwe, ngebandla lakithi, kodwa ngathi uqobo phambi kukaNkulunkulu, siyaphendula.

17 Sekufike endaweni ezweni lakithi, sekuze kwaba phakathi nabantu bakamoya kakhulu impela esinabo, uya kwabesilisa bakamoya nabesifazane, futhi uyathola enhliziyweni yabo ukuthi kukhona okushodayo.

18 Kade si, emavikini ambalwa edlule, bengihamba phezu kwezinye zalezizinto, futhi ngithola ukuthi emadodeni engangicabanga ukuthi yayingumnyombo, nokho ngithola ukuthi babeka izigcizelelo phezu kwezinto zesikhashana, behambahamba futhi bethi, "UNkulunkulu ungipha *ukuthi-nokuthi* okukhulu kunakho konke. UNkulunkulu upha . . ." Uyakhohlisa.

19 Izinto ezinkulu eziphathekayo aziphumuli njalo entandweni kaNkulunkulu. UNkulunkulu wenza imvula yehlele phezu kwabalungileyo nabangalungile. Kodwa izwe elikudingayo namhlanje akusikho ukukhohlisa kokukholwa, ukuzama ukuba uzikhohlisele entweni ethize bese uyibiza ngekamoya.

20 Ngezinye izikhathi ukukholwa kuyokwenza izimangaliso ezinkulu, futhi noma kunjalo akuveli enhliziyweni kamoya. Ayishongo yini iNkosi yethu? "Abaningi bayakuza kiMi, ngalolosuku, futhi bathi, 'Angenzanga yini *lokhu* na *lokho,* ngeGama laKho na?' Futhi Ngiyakuvuma kubo, 'Sukani kiMi, nina benzi bokubi.'" Yini ububi na? Kuyinto owaziyo ukuyenza ngokufanele futhi ungayenzi. "Angizange nginazi," Iyosho. Futhi siphila kulolosuku.

21 Esikudingayo namhlanje akusiyona inqwaba yezinto eziphathekayo. Sinakho lokho. Asidingi amabandla amakhulu

kunamanye. Asidingi izinhlangano zamabandla ezinkulu kunezinye. Asidingi okuningi kakhulu emsakazweni nakwitelevishini. Asikudingi okuningi kakhulu kanjalo kwalezizinto. Kodwa esikudingayo namhlanje, ukuba sibe abakamoya, ngumuntu abazozithoba phambi kukaNkulunkulu, uma bengenandibilishi, futhi bezokhuleka uze uthi lowomoya phakathi kwabo weneliseke ngobubele bukaNkulunkulu, bese kwenzeka imvuselelo ngaphakathi kwenhliziyo yabo, eguqula indlela yabo yokuziphatha nendawo ebazungezile abaphila kuyo.

22 Ungahle ungabinalo ipheya lezicathulo ezinyaweni zakho, ungahle ugqoke amanikiniki, kodwa into ethize enhliziyweni yakho icula amagama amnandi kaNkulunkulu. Ngingaqoka ukuba nalo kunayo yonke imali ezweni.

23 Ngakho ungeke wathi izinto zemvelo njalo kuyisibonakaliso sesibusiso sikaNkulunkulu. UDavide wakukhuluma lokho eNkosini, ukuthi wayembonile omubi enabise ezakhe... njengomuthi omkhulu ogxilileyo. Kodwa uNkulunkulu wambuza, "Sewake wamnaka ekugcineni na?" Akunandaba ukuthi sigqoka izingubo ezinhle kanjani, ukuthi sidla kangakanani, lokho akusikho okuya eBukhoneni bukaNkulunkulu. Lomzimba esihlala kuwo, uyabhubha, kungakhathaleki ukuthi unakekelwa kanjani. Kodwa ngumphefumulo okumuntu; yisimo somoya esihamba singene eBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo.

24 Kodwa sithatha izinto ngokuqiniseka ukuthi cishe zinjalo. Sicabanga ukuthi ngoba nje siyisizwe...Kanjalo noAhabi nabo bonke abakwaIsrayeli, ngalolosuku, babethathe izinto ngokuqiniseka ukuthi cishe zinjalo, ukuthi yonke into yayilungile. Abapristi babo nabashumayeli babezame ukubatshela, "Konke kukahle. Yonke into inhle nje." Kodwa babenaye oyedwa, wamemeza emelene nento engalungile, ngoba lo oyedwa wayazi ukuthi uNkulunkulu ongcwele wayengenakweneliswa yizinkambiso zesimodeni zenkolo engengcwele.

25 Kanjalo uNkulunkulu waseZulwini ulokhu efana namhlanje. Kukho konke okwemizamo yethu nezinto ezinkulu esizama ukuzenza, uNkulunkulu akasoze athokoziswa ngaphandle kwempilo engcweliswe yonke phambi kwaKhe.

26 Singahle sakhe izikole, namathempelana, namatabernakele. Singahle sibe nezinhlangano. Singahle senze izinto ezinkulu, kodwa nokho uNkulunkulu angeke aneliseke kuze kuthi umphefumulo womuntu ube ngongcwelisiwe ealtare likaNkulunkulu, uhlukaniselwe imisebenzi kaNkulunkulu. Futhi anisakutholi lokho.

27 Nithola ukuthi imihlangano yethu yomkhuleko ibuthakathaka kakhulu, kuthi nje akube ngumzuzu

womkhuleko, sigxumele embhedeni. Sithola ukuthi lokho kwenzeka cishe kanye noma kabili ngosuku. Kanti, sonke sinecala. Isizwe sakithi, ngokwesimilo sokuziphatha, siyabola. SinoBilly Graham no-Oral Roberts ndawo zonke. Kodwa kuze kufike ukoma enhliziyweni yeMelika, ukukubuyisela kuNkulunkulu ophilayo futhi, kuye esehlakalweni esiphilayo, kuye ekukholweni okungafiyo kuNkulunkulu ophilayo. Kuphela sishaya ubuchopho bethu, njengoba bekungashiwo, sibukhiphe.

28 Singahle sihambe nesifuba sethu sivulekile, nokhololo bethu bebheke emuva, futhi sihambe sehle ngomgwaqo, futhi sifise ukuba sibizwe ngo "Dokotela" noma "Umfundisi-mhlonishwa." Singahle seluse amabandla amakhulu kunawo onke kwelikhona ezweni, futhi singahle nje sibe mnene ngakho konke esingaba yikho, ukuthi akukho-muntu ongabeka umunwe empilweni yethu. Kodwa uze lowomphefumulo ongaphakathi kithi uvuthele uNkulunkulu, kuze kuthi into ethize phakathi lapho, elangazelele Yena! "Njengendluzele ilangazelela umfudlana wamanzi, umphefumulo wami womele Wena, O Nkulunkulu." Size sifike kulolohlobo lwesehlakalo!

29 Ngakho-ke, ubukhomanisi, nokunye, kuzozuza izindawo njengoba benza, futhi konke ukujoyina esingakwenza akusoze kwabumisa. Bubikezelwe ukuthi bufike. Kodwa uNkulunkulu ubiza eBandleni laKhe.

30 Ukuthi lona wesifazane omncane ufanele ukuthi wayenjani ekubalulekeni kwengqondo kaElija! Ngoba, ngokwejwayelekile ukwenza kwakho kuyakhombisa ukuthi uyini. Kanti, futhi, wayekhethwe ukuba abungaze umprofethi kaNkulunkulu. Khumbulani, wayengoweZizwe, hhayi umJuda.

31 Nezwe lalivutha bhe. Futhi akungabazeki ukuthi lona wesisifazane omncane, engobaluleke kangako ngengqondo, engowohlobo lwekholwa . . . Ngokuba siyabona ukuthi uNkulunkulu wayengeke ambize, ukuba wayekade engesuye ofanele ukuba abungaze umprofethi kaNkulunkulu. Ngokuba Wayengeke neze athumele umprofethi waKhe endlini eyayingafanele.

32 Kwakungesikho ukukhetha kwakhe. Kwakungukukhetha kukaNkulunkulu. Kwakungesuye owesifazane embiza. KwakunguNkulunkulu embiza. Wayekade ebekwe ngasemfudlaneni. Amagwababa ayemondla. Kodwa kwakungukuyala kukaNkulunkulu ngento ethize ukuba yenzeke. Futhi uNkulunkulu ngempela waya ekholweni lemvelo efanayo ka Elija.

33 Wayengumfelokazi. Futhi sonke siyazi ukuthi yini aye, umfelokazi, ayeyodlula nayo, indoda yakhe isifile nomfana omncane ukuba amkhulise.

34 Futhi emazweni lapho, babethembele ekudleni kwabo okusanhlamvu. Babengenazo izikhungo zemiklamo njengoba

sinazo namhlanje, ne—nezitshalo ezivikelwe. Babethembele ekudleni kwabo okusanhlamvu. Futhi ngenxa yobubi babantu, nesimilo sabo sokuziphatha sibola, kwakulethe isomiso ezweni, lapha bonke babebulawa yindlala futhi befa.

35 Bese kuthi-ke sithola ukuthi akungabazeki wayekhuleke ubusuku nobusuku, ubusuku bonke, lapho eqala ukubona leyombiza yempuphu yehla, yehla, yehla. Futhi kufanele ukuthi kwafika endaweni kwaze kwathi kwakungasekho ngisho nenye inkomishi egcwele yempuphu embizeni. Ayesenakho kuphela kwase kuwukhweshezana nje. Ukufa kwakuza ngqo kuzongena esangweni, emnyango wakhe. Ngokuba yayingekho indlela yokubuye athole okunye. Sonke isizwe sasibulawa yindlala.

36 Futhi, amafutha, ayegcwala isipunu nje asele esitsheni esincane. Amafutha angako nje naleyompuphu engako kubekwe phakathi kwakhe nokufa. Ufanele ukuthi waba qotho ngempela ngemikhuleko yakhe. Ake lokho kugadle ekhaya lakho, kuyoba qotho ngokuthe xaxa kunoma sinjalo kulokhu ukusa, lapho sazi ukuthi ukufa kulele emnyango.

37 Futhi ngikholwa ukuthi, mhlawumbe, besingacabanga, mhlampe, lokhu, ukuthi wayekhuleke ubusuku bonke gulukunqu, ngokuba olunye futhi usuku lwakuxazulula. Wayebuka izindebe esezimhloshana zomfana wakhe omncane oneminyaka ethi ayibe mithathu noma emine ubudala. Futhi wayewabona amathambo akhe uqobo encipha, njengoba inyama yayisuka kuwo. Futhi kufanele ukuthi kwakukade kuyinto esabekayo, njengalomama, ebona lezizinto zihamba. Futhi, nokho, nezandla zakhe ziphambi kukaNkulunkulu, ekhuleka ubusuku nemini, “Manje sesize safika phansi okhwesheni olulodwa lwempuphu nesipunu samafutha.”

38 Niyazi, kuyinto exakile. Kwangathi uNkulunkulu angakuvumela lokhu kucwile kungene kini nonke, uma ningasaphindi ningizwe ngishumayela futhi. Lona makubengumlayezo. Kuyaxaka, kuxaka kakhulu impela, ukuthi ngezinye izikhathi ukuthi uNkulunkulu wenza izinto ngaleyondlela.

39 Niyazi, uma sesivume izono zethu futhi sahlangabezana nazo zonke izidingakalo uNkulunkulu azidingayo... Sakholwa kuNkulunkulu. Kunemininingwane okuzofanele kuhlangatshezwane nayo, futhi kungokwentando yaKhe. Futhi sesizivumile izono zethu, futhi senze onke amaphutha esiwenzile, sawalungisa, senza yonke into esaziyo ukuthi yenziwa kanjani. Zonke izidingakalo uNkulunkulu azenzile, noma wazicela, sihlangabezane naso lesosidingakalo, futhi nokho Ulala athule. Angeke nje asiphendule.

40 Ngineqiniso ukuthi ngikhuluma kubantu, kulokhu ukusa, osefike kuleyondawo. Sengike ngaba lapho, izikhathi eziningi, uqobo lwami. Lapho ngibuyele khona emuva ngase ngilandela

umkhondo wempilo yami futhi ngaphendula onke amatshe, futhi ngithola ukuthi ngenze into ethize engalungile, ngiyahamba ngiyivume bese ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngizoyilungisa," bese ngihamba ngenze njalo. Bese ngiyabuya futhi bese ngithi, "Manje, Nkosi, Wena unguNkulunkulu; Uzongiphendula. Impela ngihlangabezane nazo zonke izicelo Obudinga ngizenze. Nazo zonke izidingakalo, ngihlangabezane naso." Futhi noma kunjalo Akayikunyakazo, ubonakala sengathi uhlezi uthule, yingaleyonkathi ofanele uqiniseke ukuthi UnguNkulunkulu. Ungadumali. Into kuphela yile, ukuthi, enhliziyweni yakho, ukuba uqiniseke ngoNkulunkulu.

41 Ingqikithi yami. Qiniseka, kuqala, ngaphambi kokuba wenze noma yini. Qiniseka, enhliziyweni yakho, ukuthi nguNkulunkulu. Futhi uma usuhlangabezane nayo yonke into Ayishilo, khona-ke uqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, kuyilapho-ke ukukholwa kuhamba kuyosebenza khona, khona lapho. Ukukholwa kuma kuqine, ngokuba kuyazi ukuthi Ukhona.

42 Futhi uhlangabezane nazo zonke izidingakalo. Uyakholwa ukuthi Ukhona, nokukholwa kubambelela kuqine. O, alibusiswe iGama laKhe! Ukukholwa akuyikugudluka, ngokuba kuqinisekile ukuthi uNkulunkulu ukhona, futhi ungumvuzi walabo abaMfunisisayo.

43 Kwangathi lokhu kungahamba kwehlele le kujule futhi kungagudluki neze kuwe, Tabernakele likaBranham. Uma uhlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu, futhi enhliziyweni yakho uyakholwa ukuthi Ukhona, uNkulunkulu kuphela uvivinya ukukholwa kwakho, ngokuba Uyathanda ukwenza lokho. Ususivumile isono sakho futhi usuhlangabezane nazo zonke izidingakalo uNkulunkulu azidingayo, futhi Usalokhu elele ethule, khumbula, ukukholwa kuthi Ukhona. Khona-ke ukukholwa kubambelela kukho, kungazi ukuthi kumayelana nani konke, kodwa kuyazi ukuthi Ukhona, futhi kuqinisekile ukuthi Ukhona.

44 Manje-ke, khumbulani, uma Ekhona, amaZwi aKhe lizofanele libe yiqiniso. Futhi uma Ekudinge ukuba uhlangabezane nalemininingwane, futhi wakwenza, Ubophezelekile ukuba anakekele iZwi laKhe. Ungahlehleli emuva, futhi uthi, "Awu, angizange ngiphiliswe. Ngi . . . " O, wena ompofu, ukukholwa okubuthakathaka. Ungakukholwa lokho. Uma yonke into ivunyiwe, nayo yonke into isiphumile, futhi uhlangabezane nesidingakalo sikaNkulunkulu, ukukholwa kubambelela khona lapho. Akukho lutho oluzokugudluza. Ukhona, futhi uqinisekile. "Labo abalinda eNkosini bayothola amandla amasha; bayokhuphuka ngamaphiko okhozi. Bayogijima bangakhathali; uma behamba, abayikuphela amandla."

45 Linda, uma uhlangabezane nezidingakalo zaKhe. Lokho kuletha ukukholwa kwakho kwelamanqamu. Uma uhlangabezane . . . izidingakalo zikaNkulunkulu senziwe, noma kwahlangabezwana naso, futhi usinake ngokugcwele, futhi wenze yonke into uNkulunkulu akudinge ukuba uyenze, khonake ukukholwa kwakho kuphumula khona lapho, ukuthi Ukhona. Qiniseka ngoNkulunkulu.

46 Niyazi, Uyathanda ukusivivinya. Uyathanda ukubona isinyathelo osithathayo sokukholwa kwakho. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu uyathanda ukubona ukuthi uyothatha isinyathelo kangakanani. Uma uthi, "O Nkosi, ngiyaKukholwa. Wena unguMsindisi wami. Ngiyakholwa ukuthi UnguMphilisi. Ngiyakholwa ukuthi UnguYe Onikezana uMoya oNgcwele. Nezinto engizidingayo, UnguNkulunkulu Onikeza lokho." Bese kuthi-ke uma uvuma zonke izono zakho futhi uthembisa uNkulunkulu ukuthi uzokwenzani uma Ezokuvumela uphile, bese kuthi-ke ngoba akwenzeki, usuka ubaleke njengegwala ndawondawo. UNkulunkulu ngeke akusebenzisa lokho. Ayikho indlela kuYe yokuba akusebenzise. Ayikho indlela kuYe yokuba akuphendule, ngoba Uphendula kuphela ngokukholwa. Bese kuthi, khonamanjalo, usuke uhambe, futhi ngeke Aphendule. Kodwa okwangempela, ukukholwa kweqiniso kuma lapho, kuqinisekile ukuthi uNkulunkulu ukhona. Qiniseka ukuthi Ukhona.

47 Futhi uma uNkulunkulu ecela lento ukuba yenziwe, ukuba uvume izono zakho, kanjalo njalo, futhi ukwenzile, ukukholwa kuthi Ukhona, kuqinisekile ukuthi kuzokwenzeka. Isicelo sakho sizofanele sinikezwe. O, ngi—ngithemba ukuthi anikugeji lokho. Uma niqinisekile ngoNkulunkulu, uNkulunkulu uqinisekile ngeZwi laKhe. Ulindele kuphela ukunivivinya.

Wakwenza izikhathi eziningi. Ake sibuyekeze esisodwa noma ezimbili izehlakalo.

48 Ake sicabange ngabantwana bamaHeberu. Babengezukukhothama esithixweni. UNkulunkulu wayenokubethemba. Futhi ngenkathi bezwa ukuthi babezodingeka baye esithandweni somlilo, bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla ukusikhulula kulesisithando. Kodwa uma Engakwenzi, asikhothami kunoma yisiphi sezithixo zakho." Niyabo, babenokuqiniseka futhi beqinisekile ngoNkulunkulu.

49 Babazi ukuthi WayenguJehova. Babazi ukuthi Wayewuphendula umkhuleko. Kodwa noma ngabe Wakwenza odabeni lwabo, noma qha, kwakuyoba ngokokuhle. Ngakho nje benza isitatimende sabo, bavuma izono zabo, futhi bahamba bangena ekufeni.

50 Ngenkathi beya esithandweni somlilo, bazi ukuthi babeqinisekile, ukuthi, uma uNkulunkulu ebadedele basha,

Wayezobuye abavuse futhi, ekuvukeni. Babeqinisekile ngoNkulunkulu, ngoba babazi ukuthi uNkulunkulu wayezosebenza yonke into ibe ngokuhle kubo. Futhi uma siqinisekile ngoNkulunkulu, siyazi ukuthi uNkulunkulu usebenza yonke into ibe yinhle kithi.

51 Ngakho, benza isitatimende esisodwa. Babeqinisekile, futhi bahamba bayongena ngqo esithandweni somlilo. NoNkulunkulu wabadedela baya lapho; ehlezi, ebabuka. Wayefuna ukubona isinyathelo sabo abasithathayo.

52 Ngenkathi, inkosi ithi, "Nikhothamile ngenkathi icilongo likhala na?"

Bathi, "Qhabo. Asikhothamanga." Nakho ukukholwa kwakho, kubambelele ngqi.

"Awu, manje-ke, uma ningakhothamanga, niyasazi isimemezelo sami."

"Yebo, siyasazi isimemezelo sakho."

"Isimemezelo sami singukuthi isithando sizoshisa ngokuphindwe kasikhombisa sishise ukwedlula esake saba yikho, futhi ngizoniphosa phakathi lapho. Seniyafuna manje ukukhothama na?"

"Qhabo. Asizukukhothama." Nakho ukukholwa kwabo.

53 UNkulunkulu uthi, "Awu, Ngizobona ukuthi bazokwenzani ngakho. Ngizobona ukuthi sinyathelo sini abasithathayo ukukholwa kwabo okunaso."

54 Ngakho yathi, "Bophani izandla zabo, futhi nibophe izinyawo zabo, bese nibaqalisa ukubayisa esithandweni." Base benyukela kulesosithando, nomlilo ebusweni babo. UNkulunkulu esalokhu emile, ewubuka. Kodwa babeqinisekile ukuthi WayenguNkulunkulu. Babekwenzile ukuvuma kwabo. Babelungise yonke into, ababazi ngayo. Babeqinisekile ukuthi WayenguNkulunkulu.

55 Ngakho bahamba benyukela ngqo kulesosithando somlilo. Khona ngqo emzuzwaneni wokugcina, nango Efika egibele ephuma emazulwini, esenqoleni yomoya ovunguzayo, waphephetha imimoya epholile kubo, ngenkathi Ebaduduza futhi wakhuluma kubo.

56 UNkulunkulu udedela ukukholwa kwakho kufike endawaneni lapho okuzothatha khona isinyathelo.

57 Kwakukhona uJobe, weTestamente eLidala, ngenkathi uSathane, ummangaleli wethu, wammangalela ngokuba yisoni sangasese. Kodwa uJobe wayazi ukuthi wayengonanga. Wayazi ukuthi wayeyivumile yonke into ayeyenzile, futhi wabeka umnikelo wokushiswa phandle lapho. Leso kwakuyisidingakalo sikaNkulunkulu. Yilokho kuphela uNkulunkulu ayekudinga,

kwakuyilowomnikelo wokushiswa nokuvuma. NoJobe uzenzile lezozinto.

58 NoSathane wathi, "Ngizothatha amakamela akhe, ngokuba uyisicebi. Ngizothatha izimvu zakhe." Futhi ekugcineni uthathe abantwana bakhe, abasondele kakhulu kunakho konke enhliziyweni yakhe.

59 Noma kunjalo, uJobe wama ngokufanele, ngokuba wayemazi lowoNkulunkulu. Kahle, wayeqinisekile ukuthi WayenguNkulunkulu, ngokuba wayekhulume kuYe, futhi wayehlangabezane nazo izidingakalo zaKhe. Wafunisisa phansi wayeseyathola, "Ngiwenze wonke umnikelo wokushiswa. Ngathi enhliziyweni yami, 'Mhlampe ngenkathi amadodana ami enikeza i—idili, namadodakazi ami ethamela, mhlampe mhlawumbe enze isono ngokufihla enhliziyweni yawo, ngakho ngizonikela ngomnikelo wokushiswa ovela kuwo futhi ngivume isiphambeko sawo.'"

60 O Nkulunkulu! Uma umuntu egcina lokho uNkulunkulu athe akwenziwe, uqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, Uzofanele aphendule. Ukukholwa kuMbizela enkundleni, ngaso sonke isikhathi.

61 Uma usuwenze lokho owaziyo ukuthi kulungile, uma usuhlangabezane nezidingakalo zaKhe, uma usuvumile futhi walungisa, futhi wenza izimbuyiselo, futhi wakubeka phambi kukaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi Uthule kanjani, Uselokhu enguNkulunkulu, elindele ukubeka lokho kukholwa lapho. Usuyenzile imisebenzi yakho, manje Ufuna ukubona ukukholwa kwakho ngemisebenzi yakho. Ufuna ukubona ukuthi uzokwenzani.

62 Uma ugcotshiwe futhi wakhulekelwa, uNkulunkulu ulindele ukubona ukuthi yini ozoyikholwa mayelana nakho. Hhayi ugijimele phezulu ngeSonto elizayo, bese ugijima ngosuku olulandelayo, bese umphilisi olandelayo eze edabula edolobheni. Ulindele ukubona isinyathelo sakho osithathayo ekukholweni kwakho. Hhayi uhambe ubuyele emuva, ngosuku olulandelayo, bese uthi, "Ngizizwa ngikabi kakhulu, angiboni ukuthi ngiphilisiwe." Awuwufanele umugqa womkhuleko, indawo yokuqala. Awuwufanele. Awuwufanele. Awulungele, okwamanje. Awukholwa ukuthi UnguNkulunkulu. Angi . . .

63 Ungahle uthi, "Mfowethu Branham, angivumelani nawe." Isenzo sakho uqobo siyafakazisa ukuthi uyini. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Uma umuntu ethi ungumKristu; futhi abe esalokhu ephuza, futhi ebhema, futhi egembula, futhi ekhuluma amahlaya angcolile, futhi athi, "Inxenye yeBhayibheli ilungile, nezinxenye azilungile." Angahle ashumayele iVangeli, futhi aphike inxenye yeBhayibheli. Usalokhu eyisoni. Akakalungi, okwamanje.

64 Kodwa uma ngokuvulelekile uvuma ukuthi uNkulunkulu UnguNkulunkulu ofanayo, nempilo yakho yasetshenziswa ezandleni zaKhe, ukuba ibe ngukuthi, "Nkosi, ngilubumba; Wena unguMbumbi," khona-ke cela okuthandayo. Ukukholwa akusoze kwagudluka. Kuyoma khona lapho.

65 Nakuba imininingwane iyobonakala iwa kwesokudla nesokunxele, kodwa lokho kukholwa akugudlukanga neze, ngoba uqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu. Futhi uma EnguNkulunkulu, Uyasigcina isithembiso saKhe. Angeke enza isithembiso bese eyasephula. Uma EnguNkulunkulu, Uzofanele asigcine isithembiso saKhe. O, ngiyakuthanda lokho. Uzofanele ahlale naso.

66 UJobe wenza iminikelo yakhe; wenze yonke into. Wayazi ukuthi wayekahle. Futhi nakhu kufika amalunga ebandla edlula, amanye amabandla amany'amahlelo, athi, "Jobe, ufanele nawe uvume ukuthi uyisoni, ngokuba uNkulunkulu ubengeke akuyekele ukuba ujeziswe kanje ngaphandle uma ubuyisoni."

67 Kodwa uJobe wathi, "Ngikwenzile ukuvuma kwami. Ngikhiphele umnikelo wokushiswa phambi kukaNkulunkulu, futhi angisiso isoni." Wayazi lapho ayemi khona. Khona-ke yonke into yaqhubeka, yaqhubeka nje iqhubeka iqhubeka, ihamba ngamakhulu nje amandla, izama ukwehlisa uJobe, nokuletha uJobe endaweni ayezophika kuyo uNkulunkulu futhi aphike lowomnikelo wokushiswa. Ngawo impela umzuzu othatha ngawo umnyakazo phezu kwanoma yini oyivumayo, kukhombisa ubuthakathaka bakho, ukumngabaza kwakho uNkulunkulu. Ucela uNkulunkulu noma yini, bese uhambahamba uyingabaza, khona-ke ungumngabazi futhi awusilo ikholwa.

68 UJobe wayazi lapho ayemi khona, futhi wama wagxila kulesososisekelo.

69 Akumangalisi uPruitt athi, ehoreni lakhe lokufa:

> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

70 Phezu kwalelodwala eliqinile lokuvuma kukaJobe, ngisho nomkakhe othandekayo waphuma. Ngenkathi impilo yakhe ingasekho, namathumba lalindawo zonke kuye, futhi wazihwaya futhi waqalekisa usuku azalwa ngalo. Wathi, "Kwangathi lingekhanye ngisho ilanga! Kwangathi inyanga ingahlala phansi ebusuku."

Umkakhe wathi, "Jobe, usulusizi kabi. Awumthuki ngani uNkulunkulu ufe?"

71 Wathi, "Ukhuluma njengabesifazane abayiziwula." Wayeqinisekile ukuthi wayekhona uNkulunkulu, futhi wayehlangabezane nazo izidingakalo. O, ngizizwa ngigcwala

inkolo. Wayazi ukuthi wayehlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu, nalokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu wayevivinya ukukholwa kwakhe. Uyovivinya okwakho. Uyovivinya okwami.

72 Kodwa uma sihlangabezane nezidingakalo zaKhe, "Phendukani yilowo nalowo nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele," leso yisithembiso saKhe. "Uma ekhona phakathi kwenu ogulayo, makabize amalunga ebandla. Abagcobe ngamafutha, futhi akhuleke phezu kwabo. Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa." Lokho kuyakuxazulula. "Vumani izono zenu, omunye komunye, futhi nikhulekelane." Usuhlangabezane nazo izidingakalo zikaNkulunkulu.

73 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngolimi olusha; uma bephatha izinyoka noma bephuza okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Lokho kuyakuxazulula.

74 Qiniseka ngoNkulunkulu. Yiba nokuqiniseka, ukuthi enhliziyweni yakho, ukuthi uyakholwa ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu. UJobe wayenjalo.

Umkakhe wathi, "AwuMthuki ngani ufe na? Ngani, uya ngokuba mubi ngaso sonke isikhathi."

75 Uthanda kanjani uSathane ukuphosa lokho kuwe. "Ngani, awungcono kunoma ubunjalo ngenkathi ugcotshwa. Awungcono kunoma ubunjalo ngenkathi labobashumayeli bekukhulekela. Labobashumayeli abalungile, endaweni yokuqala." Akunandaba ngalowomshumayeli. Ngukukholwa kwakho kuNkulunkulu ophilayo, okuyikhona okusebenzayo. Akusikho lokho umshumayeli ayikho; kuyilokho uNkulunkulu ayikho. Umshumayeli akazange enze isithembiso; uNkulunkulu wenza isithembiso. Asikho kumshumayeli; sikuNkulunkulu, nokukholwa kwakho ukuba ukholwe ukuthi lowo nguNkulunkulu. Ngakho qiniseka ngoNkulunkulu. Qiniseka ukuthi nguNkulunkulu, nalelo yiZwi likaNkulunkulu. NoNkulunkulu useZwini laKhe.

76 Futhi uJobe wathi. "Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula." Wathi, "INkosi yapha, futhi iNkosi ithathile; alibongwe iGama leNkosi." Wayeqinisekile ukuthi wayekhona uNkulunkulu.

77 Futhi ngenkathi esethole ukukhipha lokho emlonyeni wakhe, imidumo iqala ukuduma nemibani iqala ukubanika. UNkulunkulu waba senkundleni. Kuhlala njalo kuMbizela enkundleni. Wahlala wathula isikhathi eside.

78 Yilokho Akwenzayo. Bukani lesisigejane samaMelika aboshwe yisihogo, abazenzisi abasontayo. Angithukuthele. Kodwa isono sithukuthelisa noma yimuphi umuntu okahle kuNkulunkulu. Angisithukuthelele isizwe, angibathukuthelele abantu, kodwa ngithukuthelele uDeveli obangele lezizinto ukuphuphuthekisa abantu.

79 Lababelusi abayizimpumputhe nabashumayeli bebavumela bazedlulele nohlobo oluthize lwesayense encane yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Ufanele uzalwe ngokusha. NoNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Simbona njengoba ebalolozela. Ufanele uqiniseke ukuthi ukhona uNkulunkulu. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, bese bephika aMandla akho."

80 Lona ozihluphekelayo, owesifazane omncane, wayazi ukuthi WayenguNkulunkulu. Njengoba leyombiza yayehla, yehla, yehla, yehla, imininingwane yayiya ngokuba mibi kakhulu mibi kakhulu, ngaso sonke isikhathi. Kodwa uNkulunkulu wayekudedela ukuba kube ngaleyondlela. Uyathanda nje ukwenza lokho. Uyathanda ukubeka ukukholwa kwakho ekuvivinyweni, ukubona ukuthi uzokwenza kanjani kukho, akudedele ugcotshwe futhi ukhulekelwe, bese-ke ekwenza ube mubi kakhulu. Wathi, "Woza, Sathane, mbeke ekuvivinyweni. Ngiyazi uyaNgikholwa." Akabusiswe uNkulunkulu njalonjalo! O, he! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] "Mbeke ekuvivinyweni manje. Ngiyazi wathatha iZwi laMi ngakho." Ubengakusho lokho ngawe na?

81 Wakusho lokho ngoJobe. Wathi, "Yenza noma yini kuye ofuna ukuyenza, kodwa ungakuthathi ukuphila kwakhe, ngokuba Ngiyazi uyaNgithanda. Wenze umnikelo wokushiswa. Wenze izidingakalo. Wenze lokho Engamtshela ukuba akwenze, futhi uyakukholwa. Manje mgingqe phezu kwamalahle uma ufuna ukukwenza." Wasusa yonke into kuye. UNkulunkulu wakuphinda kabili ngenkathi Esekubuyisela kuye. Impela, Uzokwenza.

82 Ubeka ukukholwa kwethu ekuvivinyweni, ukubona ukuthi ngabe sikholwa ngempela yini ukuthi UnguNkulunkulu.

83 Lowo wesifazane omncane, akungabazeki, wathi, "Ngikhulekile. Ngikhulekile. Ngiyazi ngingoweZizwe ongafanele."

84 Khumbulani, uJesu wakhuluma ngaye eBhayibhelini. Wathi, "Babengebaningi yini abafelokazi emihleni kaElija na? Kodwa wathunyelwa koyedwa kuphela, futhi wayengoweZizwe."

85 "O," wathi, "Ngiyakhuleka." Mhlawumbe, ngenkathi esebone leloqebelengwane elincane lokugcina, ukufa kwase kuvele kungenile esangweni futhi kungena emnyango. Okunye ukuluma kanye, okukodwa, bese yena nendodana yakhe bafe. Sengiyambona, ubusuku bonke, ekhuleka, leyo mimoya eshisayo ivunguza, nomhlaba uhangukile, nabantu bekhala futhi

bememeza emigwaqeni. Wayehambahamba, edabula endlini. Wambuka umfana wakhe omncane. Wabuka amaphijama akhe amancane; onke ayeseziphumela, nezinyawo zakhe seziqhubukushile. Wabuka izandla zakhe uqobo, sezishwabene. Waya emuva naphambili, kodwa wathi, "Ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu. Ngenze konke ukuvuma kwami. Ngenze konke Abekudinga. Ngicelela ukuba izimpilo zethu, zibe ngezenkazimulo yaKhe." UNkulunkulu umbonile.

86 Bonke abanye babo wayephuma futhi benomdanso omkhulu ndawo ndawo, bezenza bahle, benebhayisikobho yetelevishini yesimanje noma okuthize, beqhubeka nezwe. Kodwa lowo wesifazane wayeyedwa noNkulunkulu.

87 Kwasa. Wathi, "Umfo omncane kade ekhala ubusuku bonke efuna azokudla. Ngizokwenzani ngokhweshana lwempuphu olulodwa na?"

88 Niyazi, leyompuphu yayinguKristu. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi uKristu wayengumnikelo weMpuphu. Nalowomnikelo wempuphu wawufanele ugaywe ngetshe lokugaya elikhethekile, nalo, lize linqume lonke noluncane ucezu lohlamvu ngokufanayo; ngoba uJesu Kristu nguyena, izolo, namuhla, naphakade. Futhi lonke ikholwa liyakukholwa lokho futhi liphumula phezu kwakho. Haleluya! Ungaba nayo yonke eyakho endala, inkolo ebandayo eyiyo ngegama ofuna ukuba nayo. Kimina, ngikholwa ukuthi uKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngenza isinqumo sami ezweni lababaphikinkolo. Ngisalokhu ngikholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

89 Lawomatshe okugaya asika konke okwayo okuncu ngokufanayo nje, ngoba Uyafana. UnguNkulunkulu ofanayo Ayenguye ngaleyonkathi, Unguye khona manje, kulokhu ukusa. Uyohlala njalo efana. Yayichaza lokho-ke impuphu.

90 Namafutha achaza uMoya, njengoba sazi ngokukaHezekeli 4, kanjalonjalo. Yingalesosizathu sigcoba ngamafutha; nguMoya. Kuyini na? NjengoJohane oNgcwele 4, "UBaba ufuna abanjalo ukuba bakhuleke kuYe ngoMoya nangeQiniso." UJesu wayeyiQiniso. Wayengumnikelo weMpuphu, nalamafutha ayenguMoya. NoMoya, uxutshwe neQiniso, uzofanele ulethe okuthize. Kuhlanganise ndawonye, kwenza iqebelengwane. O!

91 Kuphi ukukholwa kwakho na? Uma iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa ebululeni baLo, nokho eMandleni aLo, ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, neZwi liphumela iMpuphu, unamaFutha ukuba uxube naYo. Kungaba nje wukhweshana, noma kugcwala isipunu, kodwa, noma ngabe kuyini, kungokwangempela.

92 Manje sekulungele ini na? Sekulungele isiphambano. Sekulungele umhlatshelo wokuzinikela. Yilokho ozofanele ukwenze. Uma iZwi selishunyayelwe, futhi unoMoya futhi

Kuxutshwe ndawonye, kungumhlatshelo wokuzinikela ukuphika bonke ubuhlungu, ukuphika konke ukugula, ukuphika yonke into ephambene neZwi likaNkulunkulu, bese uma phezu kwakho.

93 Udokotela usho *lokhu*, *lokho,* noma *okunye*; akwenzi nomncanyana umehluko. Yima phezu kwaKho, ngoba uNkulunkulu usho njalo. IMpuphu iyafika. Unawo amaFutha. UKuxubanise ndawonye.

94 Manje, ngizwa iphimbo. Kusemuvanyana kokusa. Iphimbo liyakhuluma, lase lithi, "Phuma uye egcekeni bese uthatha izinkuni ezimbili." Niqaphelile, umBhalo wathi "izinkuni ezimbili" na? Isiphambano. Unempuphu namafutha, kodwa uzobizelwa, ukuba asebenze manje; asebenze ngakho. Noma ngabe okungakanani onakho, iMpuphu eningi noma amaFutha njengoba uwadinga, kodwa uzofanele usebenze; umhlatshelo wokuzinekela.

95 Izinkuni ezimbili. Ezikhathini zakudala abakaze bayithole indlela engcono yokubasa umlilo. Uma uthatha ukhuni bese ulubeka lunqume ukhuni, ulokhele phakathi nendawo, uhlohla macala omabili. AmaNdiya abasa umlilo wawo. Ngike ngawubasa, isikhathi esiningi, ubusuku bonke gulukunqu. Nje ngithathe ugodo, bese lolu *ngale* ndlela, nolunye nga *leyo* ndlela, bese ngilokhu nje ngilufuqela emlilweni lapho lusha.

96 Lolokhuni kwakuyisiphambano. "Izinkuni ezimbili," iBhayibheli lasho. Iphimbo lathi, "Hamba udabule igceke bese uthatha izinkuni ezimbili." Isikhathi esifanayo, phezu kwentaba, kwakukhona iphimbo eladumayo phansi kumprofethi lase lithi, "Yana emzini. Ngiyalile." O, he! Bobabili balalela. Kukhona okuzokwenzeka. Bobabili bayalalela.

97 Uma umshumayeli eshumayela iZwi, nomuntu oLemukelayo aLikholwe futhi asebenzele phezu kwaLo, kukhona okuzokwenzeka. Uma uyisoni, uzofanele usindiswe. Uma ugula, uzofanele uphiliswe, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa, uma siqinisekile ngoNkulunkulu.

98 Njengoba eqiniseke njengoba EnguNkulunkulu, Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Impela! Manje-ke ukuyala kwakungukuthi, "Hamba uye emzini, ngokuba Ngiyalile umfelokazi." Kwabhoboka umbono phambi komprofethi. Nangu eza, ehamba. Akazi ukuthi uyaphi; akwenzi nayimuphi umehluko. Uyalalela nje.

99 Akazi ukuthi izinkuni zizobe zikuphi, kodwa kukhona izinkuni ezimbili egcekeni ndawondawo. Uyasuka. Uphumela egcekeni. Uyaqalaza, "O, kushisa kanje pho!" Ukumemeza okuvela emzini, abazilazili basebusuku bengena lapho, behamba bephangelana, bephuza amawayini abo, kanjalonjalo. Ubuka ezansi nomgwaqo. Akaboni lutho. Uthola ukhuni olulodwa; inxenye yesiphambano, umhlatshelo wokuzinikela. Uthola

esinye isinqamu, ukhuni. Futhi ngenkathi ecosha lolokhuni lwesibili . . .

100 O, kufanele ukuthi kwakuhwaqabele kanjani, ukufa kulele emnyango. Yena nendodana yakhe babezodla ucezwana olulodwa lweqebelengwane elimahhadlahhadla bese befa. Kwakuyilokho kuphela kwakho. Futhi ngezinye izikhathi, khona impela phakathi nokuhwaqabala, ukuthi sizwa iphimbo.

101 Ngenkathi ecosha lolokhuni lwesibili wayeseqala ukubuyela emuva, kwakukhona iphimbo elivela ngale kwesango, lathi, “Ngilethele ingcosana yamanzi ngesitsha.”

102 Waphenduka ukuba abuke, nalezizinkuni ezimbili esandleni sakhe, nempuphu namafutha kuxutshiwe futhi sekulungele. Wathi wayekulungisile, wakuxuba ndawonye. Yilokho-ke, iZwi noMoya, kuzofanele kuxutshwe ndawonye. Kubekwe phezu kwesiphambano somhlatshelo wokuzinikela, ukuphika noma yini ephambene nalokho okucelile. Kunjalo. “Ngikuxubanisile, manje ngizolanda lezizinkuni.”

Nalelophimbo lathi, “Ngilethele ingcosana yamanzi okuphuza, ngesitsha.”

103 Uyabuka, futhi ubona indoda imile, yeyeme ngaphesheya kwesango, izihlathi ezondile, inentshebe, inempandla, ibuka ngaphesheya kwesango, nesiqephu esidala sesikhumba semvu izisonge ngaso. Yayibukeka sengathi yayiwuhlobo lomnumzane omdala ohloniphekile onomusa.

104 Wathi, “Ngizokwabelana amanzi ami nayo.” Amanzi amaningi okuPhila, uyavuma ukuwanika noma ubani, ukutshela noma ubani, ukuya noma kuphi. “Umzuzwana nje, mnumzane.” Uqala ukubuyela emuva, nezinkuni esandleni sakhe.

105 Nephimbo laduma futhi, “Awabelani ngamanzi akho kuphela, kodwa ngilethele ucezu oluncane lwesinkwa ngesandla sakho.” Isinkwa sokuphila; amanzi okuphila! Ngabe ayengawokuphila na? Wayezofa masinya nje uma lawo esebhubhile. “Ngilethele amanzi akho futhi ungilethele isinkwa sakho.”

106 Sitholani lapha na? Sifundo sini esingasithola na? “Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, nakho konke ukulunga kwaKhe; ezinye izinto ziyokwenezelwa.”

“Ngilethele ingcosana yamanzi nocezu lwesinkwa.”

107 Useyaphenduka-ke, ekuhwaqabaleni kwakhe. Sengiyamuzwa ethi, “Mnumzane,” into enjengale, “wena wehlukile emadodeni engike ngawabona, namadoda engiwezwa ekhuluma. Ubonakala uqinisile impela ngento oyishoyo. Kodwa nginempuphu eyenele kuphela, ukhweshe nje, namafutha agcwele isipunu nje. Sengikulungisile, futhi ngizokupheka ngalezizinkuni ezimbili. Futhi ngizokudla, mina nendodana yami, bese sifa. Yilokho kuphela enginakho.”

108 Sizwani, khona-ke, okulandelayo? "Kodwa, ngilandele iqebelengwane elincane, kuqala" UNkulunkulu, kuqala. Akunandaba ukuthi noma ubani omunye uthini, ukuthi noma yini enye into, ukuthi noma yibuphi ubufakazi obubonakalayo, ukuthi kubukeka kuhwaqabele kanjani, noma kungaba yini, thatha uNkulunkulu, kuqala. IZwi laKhe, kuqala.

109 "Udokotela wathi angikwazi ukusinda." Kodwa, iZwi laKhe, kuqala. "Ngiyisoni kakhulu. Ngiyisifebe. Ngingumgembuli. Ngiyisidakwa."

IZwi likaNkulunkulu, kuqala. "Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; zibomvu tebhu, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu." Kuqala, uNkulunkulu.

110 "Hamba, ungilethele iqebelengwane elincane, kuqala. Konke onakho, kulethe kimi." Uyavuma ukukunikeza ezandleni zaKhe na?

111 lmpilo yami, konke engiyikho. Sengineminyaka engamashumi amahlanu ubudala. "Uyavuma, William Branham, ukukubeka kiMi na? Niyavuma, nina bantwanyana, ukubeka impilo yenu kiMi na? Niyavuma na? Ningakwenza, bantu abagulayo na? NingaNgethemba na? Bekani Mina kuqala."

112 "Letha ucezu lwesinkwa ngesandla sakho, bese ungilandela ingcosana yamanzi." Wayibheka. Kwakukhona into ethize atshelwa yona ukuthi leyondoda yayikwazi eyayikhuluma ngakho.

UNkulunkulu uyazazi izimvu zaKhe uQobo. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Ziyazi noma kungumBhalo noma akusiwo, noma kulungile noma qha."

113 Uyaphenduka, ngokulalela. Yilokho ozofanele ukwenze. Futhi ngenkathi ephenduka, ukuba alalele lokho umprofethi athi akakwenze, kwase kuvela umdumo eZulwini, ukuthi wonke umuntu uyabuka ukuba ezwe. Ngokuba, nakho kuvela umdumo uphuma ephimbweni lomprofethi, ukuthi sonke isoni nawo wonke umuntu ogulayo ulangazelela ukuzwa, "ISHO KANJE INKOSI."

114 Sikulangazelela kanjani ukuLizwa! Ukuthi abantu bahlala kanjani esigwaqaneni sami esingena ekhaya, bathi, "Woza kulomnyango. Indodakazi yami iko*kunje*. Ingane yami, he, yehle kakhulu. Yisho izwi nje." Ungalisho kanjani ngaphambi kokuba libe semlonyeni wakho na? Ubuzobe uzisholo wena ngesingawe. Kodwa bayakulangazelela ukuzwa lowo, "ISHO KANJE INKOSI."

115 Nakho kuza, ngapheseya kothango, ngoba wayelalela. Nokuhwaqabala kwabhoboka. "ISHO KANJE INKOSI. Imbiza ayizukuba emthi, noma uphiso lome, kuze kube wusuku iNkosi

uNkulunkulu ethumela ngalo imvula emhlabeni.” O, indunduzo enje pho!

116 Wenza iqebelengwane. Ulinika umprofethi. Wabuyela emuva wayesenza okunye kwendodana yakhe naye uqobo. Base bedla futhi baphuza, nenqwaba, phezu komhlaba.

117 Kwavelaphi na? Kwafika kanjani lapho na? Ngokwesayense ngitshele ukuthi ivelaphi leyompuphu. Avelaphi lawomafutha na? Angena kanjani kulolophiso na? Wayewathulule oma, njalo ekuseni. Wayethulula yonke imbiza yempuphu, njalo ekuseni, futhi yayoma. Kodwa lapho esebuyela eyofuna enye, yayilapho. Yayivelaphi na? Thatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Qiniseka ngoNkulunkulu. UnguMdali.

118 Ungahle ukuba ulahlekelwe ngukungabi nampilo kwakho. Ungahle ukuba ulahlekelwe yinhlanganyelo yakho. Mthathe eZwini laKhe. Qiniseka ukuthi UnguNkulunkulu. Izikhathi zokuhwaqabala esibukayo manje, zingahle zingabukeki zihwaqabele kakhulu uma nje uzothatha iZwi laKhe futhi uqiniseke ukuthi UnguNkulunkulu.

119 EJalimane, kanye, ngabona isithombe, futhi sasihlala njalo singidida. Umdwebi waseJalimane udwebe i. . . isithombe esi—esibizwa ngokuthi “IZwe laMafu.” Futhi uma usibona, kude ebangeni, singukuhwaqabala okubukeka kwesabeka kunakho konke owake wakubona. Amafu nje ehlangene eyinxakanxaka, uma usibuka ebangeni elide. Kodwa uma usondela ngempela kuso, siyashintsha. Amaphiko eziNgelosi eshayisana, zicula ohaleluya eNkosini. Ngakho ukuhwaqabala kuyilokho ngesinye isikhathi. Uma usibuka, ibanga elide, sibukeka sihwaqabele futhi simnyama. Kodwa thatha uNkulunkulu eZwini laKhe futhi uqiniseke ukuthi UnguNkulunkulu, bese wenyuka usondela kuso, uzothola ukuthi singamaphiko eziNgelosi nje eshayisana.

120 Wayethi akabe njengoba wayenjalo uAbrahama, wabizwa ukuba anikele konke ayenakho, akubeke ealtare lomhlatshelo. Mhlawumbe ubizwa kanjalo, kulokhu ukusa. Dela izindlela zakho. Dela ukungakholwa kwakho. Dela konke onakho. Bese-ke uthatha amaFutha neZwi, bese uKuxuba ndawonye, bese uKubeka phezu kwe altare lomhlatshelo wokuzinikela. Uzothola ukuthi, Kuzobiza uNkulunkulu enkundleni, njengokuqinisekile njengoba ngimi kulelipulpiti.

Kucabangeni sisakhuleka.

121 Unaso isidingo namhlanje na? Unaso isidingo esikhulu ukwedlula ukuba ungasizuza ngokwenyama na? Ngabe imali iphansi kakhulu ngangokuthi awukwazi ukukhokha irente yakho na? Ngabe abantwana bafuna izicathulo ezintsha, futhi awunayo imali yokuzithenga na? Ngabe imbiza i-emthi endlini yakho, nophiso seluthi alome na? Awukwazi ukuthenga ukudla kwemfuyo yakho na? Futhi, kukhona, okungalungile na? Khumbula, Yena wenza isithembiso.

122 Ngabe uyagula, nodokotela uthi udinga ukuhlinzwa na? Awunayo imali yokukwenza na? Unesidingo.

123 Ngabe uyisoni na? Ngabe isidingo sakho sikhulu, wazi ukuthi uma uNkulunkulu engahle abize, namhlanje, uyolahlwa na? Ngabe ungumhlubuki obalekela uNkulunkulu na? Futhi uyazi ukuthi usonta ebandleni elithize, kodwa uyazi ukuthi awulungile? Unembeza wakho uqobo uyakutshela, ngokweZwi, ukuthi awulungile. Futhi unesidingo. Ungawadedeli lamazwi awele emihlabathini enameva, noma emadwaleni, izinhliziyo ezingamatshe. Kwangathi angawela komuhle, umhlabathi ovundile.

124 Uma ugula futhi u. . . udokotela uthi awukwazi ukusinda, futhi wethembisa uNkulunkulu ukuthi uzoMkhonza zonke izinsuku zokuphila kwakho, futhi uqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, woza uhlangabezane nesidingakalo saKhe. Uma unesidingo, kuqala ungenza yini nje kakhulu njengokuphakamisela isandla sakho kuNkuIunkulu, ukuthi unesidingo sento ethile na? UNkulunkulu anibusise.

Asikhuleke.

125 O Nkosi, njengoba nje ngiqinisekile kulelipulpiti kulokhu ukusa, ngiyazi ukuthi bekungebekhona nesisodwa salezozandla eziphakamayo ngaphandle kwaKho ukuba ukwazi, ngokuba Wena unguNkulunkulu. Wathi, "Akuthengiswa yini imizwilili engaka ngezindibilishi ezimbili na? Pho niwedlula kakhulu kangakanani umzwilili!" Uzibone kakhulu kangakanani izandla zalezozidalwa ezifayo, iNdodana yaKho uJesu eyazifelayo! Uzibone kakhulu kangakanani izandla zabo kunoma Ubungenza kumzwilili, ukuba ubuwile kulokhu ukusa! Ngicabanga, ngedazini lemizwilili, belingethengise ngopeni kulokhu ukusa, ngoba akekho oyifunayo. Futhi kube nenkathazo ngokuyingcwaba. Kodwa Uyazi yonke; Wazi zonke izimpaphe ezisemizimbeni yayo. Wazi zonke izinwele ezisekhanda lethu.

126 O Nkosi, phendula umkhuleko. Mabaqiniseke, kulokhu ukusa, ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi NguMoya waKho. Kwangathi ufifi nobukhazikhazi balenkolo yosuku lwesimodeni ingaqathaka isuke kubo, bethi, "O, ngisonta ebandleni *elithize-thize*." Nkulunkulu, kwangathi lokho kungafiphala engqondweni yabo, khona manje. Kulomzuzwana owodwa, kwangathi bangashazisa ukuPhila okuPhakade. Khona-ke bazofuna futhi baKulambele, ukwazi ukuthi uNkulunkulu uyini, futhi baqinisekile ukuthi Ukhona. Uyaligcina iZwi laKhe.

127 Esonini, kwangathi zingaphenduka masinya, zilungiselele umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu. Futhi Wethembisa ukuthi Uyobapha uMoya oNgcwele. Wakusho, Nkosi. Uyasigcina isithembiso saKho.

128 Kukhona umhlubuki oqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, nokuthi bebezulazula. Kwangathi bangeza namhlanje, ngoba

Wathi, "Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa. Zibomvu tebhu, ziyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu."

129 Futhi uma kukhona labo abagulayo, kwangathi bangaqonda ukuthi Wena unguNkulunkulu. Uyaligcina iZwi laKho. Ufanele uligcine iZwi laKho. Njengoba bezibeka bona uqobo, namaFutha abo, uMoya okubo ovuma ukuthi bayakholwa. Kanti-ke, futhi, naneZwi, iSinkwa sokuPhila esiphumileyo, uKristu; ogayelwe bona eTestamenteni eLidala; naseTestamenteni eLisha, ukukhombisa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi bangaxuba leloZwi namaFutha, uMoya, abanawo, bese-ke bema ngezinyawo zabo ealtare, bethi, "Yilokhu kuphela enginakho Nkosi. Ngiyakuletha."

O, ukuthi Uzokwandisa kanjani! Ukuthi kuzombiza kanjani uNkulunkulu womlando kuleyonkundla! Ukuthi kuzomenza kanjani uJehova asukume, nenhliziyo evuvukalayo, ukuthi, "Nginomntwana ozoNgilalela. Ngimedlulise esivivinyweni, futhi uyafakazisa ukuthi uyaNgithanda futhi uyaNgikholwa. Uqinisekile ukuthi Nginguye." Ngokuba kuthiwa, "Oza kuNkulunkulu ufanele akholwe ukuthi Ukhona, nomvuzi walabo abaMfunisisayo." Siphe khona, lelihora, njengoba sikunikela kuWe.

130 Futhi, manje, sisakhothamise amakhanda ethu. Nalabo abasekudingeni kwanoma yini, ningama ngezinyawo zenu, ofuna ukubeka . . . Manje, uma ningaqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu . . . Uma niqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, uzosigcina isithembiso saKhe, insindiso, ukuphilisa, noma ngabe kuyini, uma niqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, yimani ngezinyawo zenu. Uma unomunye ofuna ukumkhulekela, yima ngezinyawo zakho. Uma u—uma uqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu, yazisa isicelo sakho emibuthanweni yabangcwele. Uyakwenza njengoba uma kokwakho . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

"Ngiqinisekile ukuthi UnguNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Futhi ngineqiniso ukuthi isicelo sami . . . Ngizosibeka phansi kweGazi, khona manje." Uma ukwenza lokho, beka sonke isono. Sonke isono ukungakholwa. Ungahle ube yilunga lebandla, kodwa ngiqonde isono, uku "ngakholwa" kwakho. Ukubeka phansi njengomhlatshelo. Uzonikela ngakho. Uza esiphambanweni. Uzonikela, ngomhlatshelo, manje, konke ukungakholwa kwakho. Bese ukunika Yena, futhi wazi ukuthi Ukhona, futhi uqinisekile ukuthi Uzophendula. Uma ungowalokho, phakamisa isandla sakho. Yiba ulokhu ungaleyondlela.

131 Nkosi, Wena UnguNkulunkulu. Nanka amaFutha abo noHlamvu lwabo, kuxutshwe ndawonye. BaKuletha

esiphambanweni, lapho uMlilo kaNkulunkulu uzowela ezinhliziyweni zabo (uma bekusho ngempela lokho) futhi uqothule lowomhlatshelo. Uzonyakaza enkundleni, uphakamise amanzi acashile. Wehla uvela eZulwini, ngenqola yoMlilo. Uzozamazamisa onke amazulu nomhlaba, ukuba ubavuze.

132 Njengoba bema nezandla zabo ziphakamele emoyeni, bebonisa ukuthi bayakholwa, futhi bazibeke bona, nazo zonke izicelo abanazo, ealtare laKho impela. O Nkulunkulu weZulu nomhlaba, Mahluleli wamaZulu nomhlaba, impela uMahluleli weZulu nomhlaba uzonikela ukulunga. Impela Uzoligcina iZwi laKhe, Wena Owazi izinhliziyo zabesilisa, izinhliziyo zabesifazane, izinhliziyo zalababantu.

133 Nkosi Nkulunkulu, ngiphakamisa izandla zami uqobo, ngokuba ngiyazi ukuthi nginoguquko lwenkonzo manje. Futhi ngiyakholwa ukuthi Ukhona. NgiKubonile umi ngaleya eNsikeni yoMlilo. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] NgiKubonile uhlolisisa izimfihlo zenhliziyo yabantu. Awukaze wehluleke nakanye. Wakwethembisa ngenkathi Ukwenza ngaleya, phesheya komgwaqo lapha, ngenkathi Uqala ukusebenzana nokwenza lezizinto. Futhi Wangivikela emhlabeni jikelele, jikelele jikelele. Ngineqiniso ukuthi UnguNkulunkulu. Ngiqinisekile ngalokho.

134 Ngizinikela mina uqobo nalababantu, nomhlatshelo wakho konke enginakho, Nkosi, kuWe, kube yinkonzo. Ngiyaqala futhi, Nkosi, ngihamba umhlaba jikelele. Ngisize, O Nkulunkulu. Uma ngiKukholwe ngokungesikho noma ngasiphi isikhathi, ngithethelele ngezono zami. Ngithethelele ngokungakholwa kwami. Ngiyazi ukuthi Ukhona, futhi ungumvuzi walabo abaKufunayo.

135 Kanjalo, ngivuma izono zabantu bami, kulokhu ukusa, ubuthakathaka babo nokungabaza kwabo, njengoba bemi nezingalo zabo zisemoyeni. Ngivuma izono zabo, Nkosi, nabo bonke ubuthakathaka bethu. Thumela uMoya oNgcwele phezu kwethu, nophawu lokuvumela kwaKho, ukuthi UnguNkulunkulu. Futhi Ulapha manje ukuba usemukele, nokuba usithathe usifake ezingalweni zaKho, nokuba usihlenge kukho konke esikulahlileyo. Uma kuyimpilo yethu, kwangathi ingabuyiselwa kayikhulu. Uma kungumphefumulo wethu, kwangathi ungeza kithi njengempahla eqhakazayo, ekhanyayo, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukuba iyiswe phambi kukaNkulunkulu. Uma kungukungakholwa, kwangathi kungaba ngukuthi uze kithi futhi, Nkosi, sinokukholwa ukuba sigudluze izintaba. Siphe khona, Nkosi.

136 Siyakholwa ukuthi Uyanyakaza, uMoya oNgcwele ugcwala swi kulendlu, phezu kwalababantu, nasezinhliziyweni zabo, ubahambisa ukuba bemukele uNkulunkulu ophilayo. Lokhu sikwenza eGameni likaJesu Kristu.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi oMkhulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

137 Nikusho ngempela na? Niyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngiyakwemukela. Ngiyakholwa."

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
  kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama bube yimini,
Sula ukwesaba kokudabuka,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

Asikhothamise amakhanda ethu.

138 Emva kwalona olukhuni, uMlayezo osika kanzima; ol'hlaza, futhi okhishwe ngendlela eyisankahlu, kodwa uyiQiniso. Futhi uma ngokuzithoba nikholwa ukuthi enikucelile, ukuthi niyakwemukela, ningalokothi neze nivumele lutho lunifuqe lunisuse kulowomgwaqo oqondile. Yimani khona lapho. Akunandaba ukuthi bengingashumayela kangakanani, noma bengingenzani, kumbe noma yimuphi umuntu ubengenzani, akusoze kwasebenza uze ukuvume njengempahla eqondene nawe uqobo.

139 Kukholweni lokho ngenhliziyo yenu yonke, yonke into ebeniyifisa. Uma nizivumile izono zenu, uNkulunkulu usenithethelele. Ningabe nisaphinde nikungabaze. Uma ungumhlubuki, ubuyisiwe, kulokhu ukusa. Uma nidinga uMoya oNgcwele, khona-ke bhaphathizwani eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. AkazukuLishintshela bandla, hhayi nahlelo, kumbe kungabi nanoma ubani omunye. Lifanele libe ngaleyondlela. Sifanele sihlangabezane nezidingakalo zaKhe, hhayi izidingakalo zebandla, izidingakalo zaKhe. Yilokho esifanele sikwenze.

140 Wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Uma ugula, nginikhulekele umkhuleko wokukholwa. Uwukhulekile enhliziyweni yakho uqobo. Futhi kukholwe, kuvume, yima ngokufanele kukho. Kuzofanele kube ngaleyondlela. Akukho okungakuthatha, akunandaba ukuthi kubukeka kuhwaqabele kanjani.

141 Wena uthi, "Awu, kungahle kubukeke sengathi ngisagula." Lokho aku . . . Ngamaphiko eziNgelosi nje ebuthene ndawonye. Yilokho kuphela. NguNkulunkulu esimweni sesibusiso.

Kubukeka kuhwaqabele kuwe. Sondela kakhudlwana kukho bese uyakubuka futhi, ubone ukuthi akusuye yini uNkulunkulu emi lapho, egcina iZwi laKhe.

142 Manje njengoba sikhothamise amakhanda ethu, ngizophendulela inkonzo kuMfowethu Neville, umelusi wethu.

